

# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

48/2015 Intshumayelo ngesonto 16 emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 20. 09. 2015

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.**

Izwi elongamela leliviki, lilotshiwe ku-2 Tim. 1:10b, lithi: **"UMsindisi wethu uKristu Jesu wachtiha ukufa, walethela ekukhanyeni ukuphila nokungabhubhi ngevangeli."**

1. Iculo 180/175

2. **Umkhuleko:** Nkosi Jesu Kristu, siyabonga, ngokuba usithembisele ukuba namakholwa akho kuze kube zekugcineni komhlaba, futhi uzambulele kithi ukuthi ungukuvuka nokuphila, nokuthi usilungisele intethelelo egameni lakho. Siyabonga ngokuba uzambulele ngemisebenzi yakho ngokuthi uyasiphatha ngomusa ezinhlophekweni zethu zonke, nokuthi unguMsizi wethu kuzo, nokuthi uyiNkosi enamandla ukuvusa abafileyo ekufeni. Sesiycla ukuthi usilondolozele ekukholweni okukwethembayo ukuthi uyiNkosi noMsindisi wethu. Amen.

3. Izwi leTestamente elidala lilotshiwe kuzo iziLilo 3:22-32

Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-2 Thimothewu 1:7-10;

Ivangeli ngohlelo lwesihlanu lilotshiwe kuLuka 7:11-16.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 142/125

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. **Ivangeli** lohlelo lokuqala lilotshiwe kuJohane 11:1-3.17-27.41-45, kungaba kuhle, uma kufundwe amazwi onke njengalokhu elotshiwe evesini lokuqala kuze kube evesini 45, ivangeli lesonto lithi: "Kwakukhona othile ogulayo, uLazaru waseBethaniya umuzi wakubo kaMariya nodadewabo uMarta. UMariya kwakunguye owagcoba iNkosi ngamafutha, wesula izinyawo zayo ngezinwele zakhe, omnewabo uLazaru wayegula. Ngakho-ke odadewabo bathumela kuye, bathi: Nkosi, bheka, lo omthandayo uyagula. ... Kwathi-ke esefika uJesu, wamfumana esenezinsuku ezine ethuneni. IBethaniya laliseduze neJerusalema, kungaba-ngamastadiyu ayishumi nanhlanu. Abaningi kubaJuda babefikile koMarta noMariya

ukubakhuza ngomnewabo. Ngakho uMarta esezwé ukuthi uJesu uyeza, waya ukumhlangabeza, kepha uMariya wahlala endlini. Wayesethi uMarta kuJesu: Nkosi, uma ubukhona, umnewethu nga engafanga; kepha ngiyazi nakalokhu ukuthi nokuba yini ongakucela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzakukunika khona. UJesu wathi kuye: Umnewenu uzakuvuka. UMarta wathi kuye: Ngiyazi ukuthi uyakuvuka ekuvukeni ngosuku lokugcina. UJesu wathi kuye: Mina ngingukuvuka nokuphila; okholwa yimi, noma efa, wophila. Nalowo ophila, akholwe yimi, kasoze afa naphakade. Uyakholwa yilokhu na? Wathi kuye: Yebo, Nkosi, ngiyakholwa ukuthi wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu, obezakuza ezweni. ... Balisusa-ke itshe. Kepha uJesu waphakamisa amehlo, wathi: Baba, ngiyakubonga ngokuba ungizwile. Bengazi mina ukuthi ungizwa njalo, kodwa ngenxa yesixuku esingiphahlileyo ngishilo lokho, ukuze bakholwe ukuthi nguweni ongithumileyo. Esekhumé lokho wamemeza ngezwi elikhulu, wathi: Lazaru, phuma. Waphuma ofileyo eboshwé izinyawo nezandla ngezindwangu, ubuso bakhe bumboziwe ngeduku. UJesu wathi kubo: Mthukululeni, nimyeke ahambe. Khona abaningi kubaJuda ababezile kuMariya bebona abekwenzile, bakholwa nguye." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bandla elithandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, lelivangeli liyisisekelo esihle esisekelayo ithemba lobuKristu elikhulu esilivumayo ngamasonto onke ekugcineni kwesivumo senkolo yethu, esithi: Siyakholwa "intethelelo yezono, ukuvuka kwenyama, nokuphila okuphakade." Kanti ngalelivangeli lisambulelwe ukuthi uJesu unathi ekuhluphekeni kwethu, noma kukhona ukungabaza kaningi naphakathi kwezingane zikaJesu okuvezwa nguMarta ngamazwi athi: "Nkosi, uma ubukhona, umnewethu nga engafanga." UMariya waphinda lawomazwi, esehlangabezane neNkosi. Kodwa ngakho okulandwa kulelivangeli elilotshiwe kuJohane 11, siyezwa ukuthi uJesu wayebaphelekezela ngokukhumbula konke okwenzekile ekuguleni nasekumukeni kukaLazaro, siyezwa, mhla uJesu esezwile ngokugula kwengane yakhe, wathi: "Lokhukugula akusikho okokufa, kodwa kungenxa yenkazimulo kuNkulunkulu ukuba iNdodana kaNkulunkulu ikhazimuliswe ngakho. Kepha uJesu wayebathanda uMarta nodadewabo noLazaru. Noma ehlalile futhi izinsuku ezimbili, engasheshi ukuya eBethania, kuyakhanya ukuthi uJesu wahlala khona ngenhloso ukuba kudlule isikhashana ukuba kubonakale impela ukuthi uLazaro wayefile impela, njengalokhu siyezwa ukuthi uMarta wayengafuni ukuba kuvulwe iliba ngokusho ukuthi "Nkosi, usenaka; ngokuba sezizine." Kukho konke uJesu wayehlosa ukuba kwambulwe amandla akhe amakhulu phezu kokufa. Wafuna ukuba atshale ukukholwa ezinhlizweni

zabo ngamazwi akhe, nangezenzo zakhe. Washo kuMarta wathi: "Angishongo yini kuwe ukuthi uma ukholwa, uzakubona inkazimulo kaNkulunkulu, na?" Wazifakazela ukuthi ungukuvuka nokuphila, nokuthi wathembisa abakholwayo nguye ngokusho ukuthi: Okholwa nguye, noma efa, uzophila, nalowo ophila, ekholwa nguye, kasoze afe naphakade. Uthembisa kanjalo ababengabaza ngaye, ababeyizoni. Kusho ukuthi ngokukholwa nguye wabathembisa nentethelelo yezono nokuthi kuzosuswa ukungabaza nokungakhohwa kubo ukuba baqiniselwe ekukholweni.

Kanjalo-ke wazifakazela kubo ukuthi wayenesihe nabo, nokubazwela enhliziyweni. Lokhu kuyabonakala ngezinyembezi zakhe, njengalokhu kulotshiwe ukuthi: kulandwa ngazo ngamazwi athi: "UJesu wakhala izinyembezi, wabubula emoyeni, wakhathazeka; wathi: Nimbekephi na? Bathi kuye: Nkosi, woza ubone. UJesu wakhala izinyembezi." Kubonakalisa ukuthi uJesu uyahlupheka emoyeni kanye nathi, ukhala izinyembezi kanye nathi, mhla sihlupheka ngokushonelwa esimthandayo. Kakhulu uJesu uyakhala nathi, uma singamukeli isimemo sakhe sokuba sidabuke ngezono zethu nokukholwa nguye. Leliqiniso liyafakazelwa ngamazwi alandwa ngosuku, mhla engena eJesusalema, athi: "Kwathi esondela, ewubona umuzi, wawukhalela, wathi: Sengathi nga wazi nawe ngalolusuku okokuthula," Luka 19:41-43. Wafisa kakhulu ukuba iJerusalema lamamukele ngokukholwa, kodwa wakhala, wathi: "Jerusalema, Jerusalema, wena obulala abaprofethi nokhanda ngamatshe abathunyelwe kuwe, kukangaki ngithand aukubuthela ndawonye abantwana bakho njengesikhukukazi, zibuthela, amazinyane aso phansi kwemaphiko aso, kepha anivumanga," Math. 23:37. UJesu akazizweli kuphela ngesihe sakhe ezinhlophekweni zethu zokufelwa abakithi, nasezinhlophekweni zokukhalela izono nje, phezu kwesihe sakhe unamandla ukusisiza ekuhluphekeni ngenxa yezono, uyasisiza ngokusithembisela intethelelo izono entshumayelweni yevangeli lakhe, nangokusihlenga ezonweni nasekufeni kwethu embhaphathizweni egameni likaNkulunkulu onguYise neNdodana noMowa oNgcwele, nasesibikweni, uma sikhululwa ezonweni zethu egameni likaNkulunkulu uMthahtwemunye, nasesidlweni seNkosi yethu uJesu Kristu ngokwamukeliswa umzimba wakhe negazi lakhe elingcwele elithululelwa thina kube ngukuthethelelwa kwezono, ngaphandle kwakho okwenzeka enkonzweni yebandla kuyaqiniswa isithembiso sentethelelo yazono ngenxazo yohlambu lwesithathu lwenkolo yethu ngamazwi amahle, athi: Ebandleni likaKristu elisemhlabeni wonke siyathethelelwa kakhulu kanye namakhohwa onke imihla ngemihla izono zonke..Ngentathethelelo kumenyezwele kahle ebandleni ngokobuLuthere ukukholwa

ukuthi: “Lapho kukhona ukuthethelelwa kwezono, kukhona nokuphila nobukhosi obungapheliyo futhi.”

Ivangeli lanamuhla liyamfakazela iNkosi yethu uJesu Kristu owavuka ekufeni ngokwakhe ngosuku lwesithathu ngenkazimulo kaYise ukuthi unamandla nokuvusa abasishonele ekufeni, nokubabuyisela ekuphileni kwalapha emhlabeni. Wazifakazela kanjalo kathathu ngokuvusa indodakazi kaJayiru esand’ ukufa, nendodana yomfelokazi waseNaine esendleleni yokuyiswa ethuneni layo, nangomlando wevangeli lanamuhla ngoLazaro, oseqalile ukubola nokuvuka esefile izinsuku ezine. “UJesu wamemeza ngezwi elikhulu, wathi: Lazaru, phuma. Waphuma ofileyo eboshwé izinyawo nezandla ngezindwangu, ubuso bakhe bumboziwe ngeduku. UJesu wathi kubo: Thukululeni, nimyeke ahambe.”

Kuqinisile: kwalandwa ngalesisimangaliso ukuba kwaziwe ngokwempela ukuthi: UJesu akasishiyi ezinhlophekweni zethu, uthembisile ukuthi uyakuba nathi kuze kube sekugcineni komhlaba, Uyasihawukela ezinhlophekweni zethu kangaka ukuba akhale naye izinyembezi ngokukhathazeka kaye nathi, nangokusihlenga ezinhlophekweni zethu ngamandla amakhulu ukuba sibe nokuthethelelwa kwezoni, nokuphila okuphakade enkzimulweni yakhe. Yikho okufakazelwe ngamazwi amahle evangeli lanamuhla. Amen.

**9. Umkhuleko:** Nkulunkulu ophakade, Mninimandla-onke, Mduduzi wabo abanosizi, Mandla ababuthakathaka, siletha phambi kobuso bakho isicelo sababubulayo, sabakhalayo ezinsizini nasekulingweni ukuba lowo nalowo wabo amukele usizo lwakho ezinhlophekweni zakhe, akubonge, akudumise kuze kube phakade ngaye uJesu Kristu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 287/220

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyu zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2015 ngu- E. A. W. Weber

Ukucindezelwa nokuthunyw kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.